UMCIMBI WOKUVILIYELA KWAMAPHOYISA
INKULUMO NGOMANGOSUTHU G. BUTHELEZI, UNGQONGQOSHE WAMAPHOYISA,UNDUNANKULU WAKWAZULU KANYE NOMONGAMELI

WENKATHA.

EKOLISHI LOKUQEQESHA AMAPHOYISA, ONDINI. 27 JUNE 1991

Mphathiwohlelo; malungu ahloniphekile eKhabinethi yaKwaZulu akhonaj;amaPhini oNggonggoshe akhonaj;amalungu aseNdlunkulu akhona malungu angamanxusa akhona; Khomishana wamaPhoyisa Jenene Buchner; Bhiligadiya J.S. Steyn iPhini likaKhomishani

wesifunda (ezokuphepha); Bhilikadiya Brand; uKaputeni Mfu.

M5 Zondi umfundisi wamaPhoyisa; izikhulu zamaPhoyisa aKwaZulu; oNobhala bakaHulumeni wakwaZulu abakhona kanye nezinyesizakhuli; izivakashi zethu ezigavile, bafowethu

nodadewethu.
2%

Lk TS

Angikaze ngiqgonde njengoba ngiqonda namhlanje ukuthi iphoyisa lesilisa nelesifazane abasebasha abaqgede ngempumelelo ukugegeshwa kwabo lapha oNdini bafakwa kulokho okuzoba iNingizimu Afrika entsha.

Inguquko eyinggophamlando iyenzeka emphakathini waseNingizimu Afrika. Izwe aliseyukufana. Njengamanje sibulala izisekelo wubandlululo obelwakhiwe phezu kwazo. Eqinisweni eziningi sezibulewe, njengamanje sesigoga nje izinsalela.

Rlias

iNingizimu Afrika entsha ekumele ibeyikho futhi ngifuna ukubheka kanye nani namhlanje ukuthi ikuphi okumele nikwenze

ukwenza iNingizimu Afrika yamaphupho ethu leyo eniyosebenza

kuyo njengamalungu ombutho wamaphoyisa akwaZulu.

Ngaphambi kokuba ngighubeke, ngifisa ukubeka ngokusobala ngodaba olulodwa-olungumbono wami ukuthi imibutho

yezokuphepha eNingizimu Afrika iyobanjani ngomuso.

Noma ngabe sikhuluma ngamaphoyisa noma yimpi nanoma amasosha asolwandle nanoma ngaluphi uphiko lombutho wezokuphepha kumele sikhulume ngesidingo sobuchwepheshe ngaphezu kwakho

konke.

i 1% 4

Ngilibeka ngembaba ukuthi angicabangi ngemibutho yezokuphepha eNingizimu Afrika ikakhulukazi umbutho wamaphoyisa aseNingizimu Afrika njengento ezomunca ababuya ekudingisweni abagegeshiwe ngumkhonto wesizwe emsebenzi wombedukazwe, ukubulala kanye nokucekela phansi. Lolohlobo lokugegeshwa alusilo uhlobo 1lokugegeshwa olunobuchwepheshe umbutho wezokuphepha esizowudinga eNingizimu Afrika

ongathembela kuwo.

Nginolwazi lokuthi kunezinto zokugeqgeshelwa ezempi

ezinikezwa abashokobezi bakaA.N.C. kanye nabaka P.A.C ngesikhathi samanje embuthweni wempi kaMongameli MUSEVENI eUGANDA. Lokhu kungaphandle kwezinkambo 2zabo. Uma ngitshelwa, inhloso ngukugeqgesha kabusha kwabashokobezi balezizinhlangano zenkululeko begegeshelwa ubungcweti ngendlela yokuthi bangafakwa eMbuthweni wezokuVikelwa

eNingizimu Afrika.

gk Eet A
kanye nokushisa, ngabe bagegeshelwe ngokufanele

ezingqondwenl nasemoyenl yabo umsebenzi obhekene nephoyisa.

Ngifisa wukuveza elinye 1iphuzu eliphathelene naloludaba. Akusikho kuphela ukugeqgeshwa kwamalungu omkhonto wesizwe. Kodwa kungaphezu kwalokho bukani wukuthi uMnu Chris Hani ukuthi uthini nokuthi wenzani. Qaphelani izinyathelo zakhe. Lalelani akushoyo. Lalelani lokhu:

UMnumzane Chris Hani ekhuluma enkonzweni yesikhumbuzo eKagiso eyayenzelwe labo abafa enhlekeleleni yaseSwanieville wathi:"amaBhunu asebenzisa izimaku zabo ukubulala abantu bakithi" futhi wahlasela i I.F.P. ngokuthi iyinhlangano

ephikisana nombedukazwe '"eyasungulwa ngamaBhunu ukwenza

ntekenteke imibutho yenkululeko yabamnyama'.

Nguye lomlisa okukhuluma ngabakhuzi bomkhonto ukuba baphathe

umbutho wezokuphepha waseNingizimu Afrika,amaphoyisa

aseNingizimu Afrika kanye nazo =zonke izikhali zokuphepha
zoMbuso. Banomgexo wethayi elivuthayo abawusebenzisa

njengenye yezindlela zokubhekana nabaphikisana nabo
kwezoMbusazwe.

Lomlisa kanye nozakwabo balokhu begcine umkhonto wesizwe
ulindele ukuba bawusebenzise ukuletha ukufa kanye nokucekela
phansi emajikeni emigwaqo. Bagegeshelwe ukubeka amabhomu

ezindaweni zokudlela nasemigqgonyeni yezibi emajikeni

emigwaqo enabantu abaningi futhi bageqgeshelwa ukuguqula

lokho abakubiza ngemizabalazo yezikhali kube yimpi yabantu

lapho umfowabo ompisholo ebulala umfowabo ompisholo.

Njengamanje ilengozi elenga phezu kwamakhanda ethu. Njengamanje 1iA.N.C. igcine umkhonto ulindele ukuze uma kungenzeki njengentando yabo ezingxoxweni, baphendule

ngokubulala nokucekela phansi.

Isona isimo esikhona njengamanje. Angisheondi ’ le na- le, Isikhathi manje sokuzinikela ekuthuleni. Ungeke uzinikele ekuthuleni kodwa ube unempi ezimele eseyenze izinto ezihlasimulisa umzimba esikhathi esedlule. Ungeke uzimisele ngokuthula uma usaghubeka, yize ukhuluma ngakho ukuthula nokubutha intsha empisholo uyithumele ngaphandle kwezwe

ukuba iyoqgegeshelwa ukubulala nobuphekula.

kanye nokuphathwa futhi kungaphansi kwemfundiso yobukhomanisi. Umkhonto uyingalo yeAfrican National Congress kodwa yiyo lengalo ikakhulu engaphansi kokulawulwa yiSouth African Communist Party eyingxenye yesiGungu sikazwelonke seA.N.C. UMnu. Hani wulilungu elinekhadi leSouth African Communist Party kanti futhi yena nesikhulu sakhe asilandelayo uMnu. Modise babevamise ukusebenza ngaphansi kukaMnu. Joe Slovo, uNobhala Jikelele weQembu

lamaKhomanisi ngesikhathi eseyinhloko yophiko lwezempi 1luka A.N.C. - wuMkhonto weSizwe. Ngakhoke sikhuluma namadoda

izinHloko zawo zezempi zisakholelwa kakhulu uStalin.

Kuyimbuda ukucabanga ukuthi umphakathi waseNingizimu Afrika

ompisholo omhlophe amaNdiya namaKhaladi bangama babukele

iA.N.C 1ithatha ukuphathwa kwemibutho yezokuphepha yezwe lakithi.

2 14 =

Manje ngithi akengiguquke ngiveze ukumangala kwami Kkanye nokushageka kwezombusazwe ngokuthi iDemocratic Party manje isizenza yinhle kwi A.N.C., iyakhohlwa ukuthi iseNingizimu Afrika futhi ikhuluma sakuyithakasela lembudane. Kuzobanembibizane eqghamuka kubantu baseNingizimu Afrika

iD.P. isazokubona lokhu.

ID.P. njengamanje ivumelana neA.N.C. ukuthi kumele kube khonalokho abantu abakubiza ngokuhlela kabusha kwemibutho yezokuphepha ngalokho okusho ukuhlanganiswa koMkhonto

weSizwe kanye noMbutho wezokuvikela waseNingizimu Afrika.

AT R

= e g

Ngineginiso lokuthi iningi lamalungu anamakhadi 1 eD.P. ayoshaqgeka njengami ukuthi abaholi beD../Ps bathatha lesinyathelo. Sekungukughela okumangalisayo kulokho abakwenzile phambilini futhi 1lokhu Dbazozama ukukwenza

ngokukufihla ngokuthi banomgondo ovulekile.

Kungenzeka ukuthi sibhekene nesimo lapho abaholi beD.P. belahla amalungu abo ngoba sebelahle ithemba kwingomuso

leQembu labo futhi sebefuna izikhundla kwamanye amaphepha.

Ngake ngaphawula ngenyanga edlule ngesidingo sokuba iNkatha Freedom Party ikhusele amagugu ayindabuko enkululeko.

Ngalesosikhathi ngangisho engikushoyo ngokudabuka. Ngithi

namhlanje ngokuzimisela futhi ngisho ngenhloso yokuthatha

isinyathelo kumele sikwenze lokhu sikwenzela intando yeningi

yangomuso ezweni lakithi.

uhlelo lwezombusazwe lapho abantu bengamisa oHulumeni noma

babachithe uma bengasebenzeli inzuzo yabantu.

Nina maPhoyisa anamhlanje neziPhathimandla zakusasa nizovikela ilungelo labantu lokuphilisana ngokuthula kanye nelungelo labantu lokuhlalisana ngokuzwana elizokwenza ukuba

izwe lethu likhiqize umcebo esizowudinga ukulungisa

amaphutha ubandlululo eliwashiye emva kwalo.

Sizobachitha ozombusazwe abakhuluma ngomnotho ophethwe ngumbuso. Sizobachitha osombusazwe abathembele endluzulweni ukugcina izikhundla zabo. Sizobachitha osombusazwe abagcina bencike empini ezimele uma ngabe ezombusazwe wabo wokuhlangabezana zehluleka. Sizobachitha abaholi beDemocratic Party abazimbandakanya nabo bonke abaholi iNingizimu Afrika eyobalahla.

e

Kuzobakhona 1izingxoxo ngomthetho sisekelo omusha futhi kuzoba nezingxoxo ngamandla azogcinwa ezingeni likaHulumeni omkhulu kanye namandla azohliselwa emazingeni aphansi lenkulumo-mpikiswana kanye nengxoxo kuyoba inkulumo-mpikiswano kanye nengxoxo mayelana nohlobo lombutho wokuvikela waseNingizimu Afrika.

Kuyoba khona ukwehlukaniswa kwamandla. INingizimu Afrika

ngeke imbekezelele omunye uHulumeni noma olunye uhlobo lwezoMbusazwe lapho igembu liyokwazi ukwakha imithetho

ecinezelayo leyo oHulumeni beneShinali Party abazenzele

yona.

B K

Ngikholwa ukuthi akukho mhlathi yezombusazwe emhlabeni ezosusa ubukhona besifunda sakwaZulu neNatali eNingizimu Afrika njengoba siyisigaba sesakhiwo sezwe. Sikhona. Sinomlando obalulekile. Thina njengesifunda sinezinkolelo

namagugu esiyofisa ukuhamba ngakho kulesifunda.

Angikhulumi ngento ehambisana nobuhlanga. Uma ubheka okwatholwa iKhomishani kaButhelezi futhi uma ubheka izincomo zesakhiwo zeNdaba yaKwaZulu naseNatali uzothola wukuthi uhlobo lwalezixazululo esizisekelayo thina U FE S Â¢ nakuHulumeni waKwaZulu =ziyizixazululo ezincike kwinkululeko yokubambisana kanye nezakhiwo nokuhlalisana ezombusazwe

kanye nezomnotho ezingabandlululi. Ungeke ungabandlululi

njengoba senza uphinde futhi uhambisane nobuhlanga

ngesikhathi esisodwa.

Akubo ubuhlanga futhi akusikho ukubandlulula ukuthi elakKwaZulu naseNatali liyisifunda esidinga ukubhekelwa ngokukhethekile kumthethosisekelo. Abantu Dbalesisifunda bayokufna lokho. Kwiyilungelo labo lentando yeningi wukuba bakufune lokho futhi ngiyoginisekisa ukuthi bayakuthola lokho. Ngifuna ukugcizelela ukuthi 1lokhu kwakungagondiwe njengesixazululo salolonke izwe kodwa eqinisweni kwakuyisixazululo sesifunda sokufakazela ukuthi abantu balesifunda babezimisele kakhulu ukuthola isixazululo sesifunda eNingizimu Afrika kanye neAfrika eseNingizimu.

Yithina kuphela eNingizimu Afrika esinoMkhandlu oSebenza ngokuhlanganyela ( Joint Executive Authority). Singeke silinge ukuyeka indlela esesivele sihamba njengabamele abantu bezinhlanga ezihlala kulesisifunda.

e i R

Kodwa ngifuna ukugcizelela ukuthi angifuni ukulawula noma ngivimbe izingxoxo. Ngiyohambisana nanoma yimuphi umbono

weningi okulawulayo ngezikhathi zezingxoxo nangemva kwazo.

Ngikhuluma ngeminikelo ezingxoxweni uma ngithi

sizozabalazela futhi sizabalaze ngamandla ukuba kwamukelwe

isidingo sokuginisa ukuphatha kwesifunda kumthethosisekelo omusha.

Ngisho masembusweni owodwa kungabakhona ukucazwa kwamandla okuqinile Kkusuka phezulu Kkuya phansi. KuMthethosisekelo waseNingizimu Afrika omdala ngabe amandla amaningi

adluliselwa ekuPhatheni kweziFundazwe, futhi imikhandlu yezifundazwe ngabe yaphakanyiswa yanikezwa amandla

amakhundlwana okushaya umthetho kunalawo eyayinawo.

s N T

Uma izingxoxo zilandela umgudu wohlelo likaHulumeni
wezifunda ezichemile nalapho kuyoba khona ukucazwa kwamandla
kusuka phezulu kuya phansi. Ohlelweni lwezifunda ezichemile

kuvamise ukuba khona imibutho yamaphoyisa yalezozifunda.

Impi ngokujwayelekile njalo ingekazwelonke kodwa amaphoyisa

amadolobha abakhona. Amaphoyisa ombuso kanye nawezifundazwe
abakhona. Abanababaphathi abawalawulayo futhi abanezindawo
ezingaphansi kwawo.

Akukho 1lutho njengamanje olungagunyaza umuntu ukuba athi
umbutho wamaphoyisa aKwazulu awuzukuba khona sonke isikhathi
sempilo yalamaphoyisa asemasha aphothule eKolishi
lokuQegesha amaPhoyisa aKwazZulu kulonyaka.

Gie o s
Kodwa ngifisa ukuveza iphuzu lokuthi llokhu akusho lutho

endleleni amaphoyisa aphuma eKolishi lonyaka okumele akubuke ngayo umsebenzi wawo. Nina maphoyisa namaphoyisakazi niphuma ekolishi nomgondo webizelo, nomgondo wokusebenzela izwe lenu. Nisekugaleni kwendlela yebizelo eyobakhona noma

ngabe ezombusazwe ziguquka kanjani.

Umsebenzi wenu ikhakhulukazi kuzoba ngukugcina umthetho

nokuthula kuleminyaka elandelayo lapho iNingizimu Afrika

izobe idlula ezimweni ezilukhuni. Izikhathi zenguquko

kunoma iliphi izwe ziyizikhathi zengozi nenxushunxushu.

Uma ubeka uHulumeni waseNingizimu Afrika ogqgokweni ungalindela abaningi abanamandla bephuthuma amandla

ayabalinga abaningi. Abaningi bayolandela imigudu ethize

kuphela ngoba belambele amandla. Abagqizi qakala ukuthi bawathola kanjani amandla. Okubakhathazi ukuthi bahlukumeza bani ngesikhathi bephuthuma amandla. Bayobulala ngezinhloso zezombusazwe. Bayokwenza konke ukuhlwitha amandla ukuze

babe uHulumeni.

Kumele ngiphinde ngime bese ngisho ukuthi uMongameli weZwe

uMnu. F.W. de Klerk usetholwe ukuhlonishwa yiyo yonke iNingizimu Afrika Kkanye nomhlaba wonke ngokuba nesibindi sokubeka yena kanye noHulumeni wakhe negembu lakhe engozini ngokugeda ubandlululo nokuvulele ezombusazwe kunoma ubani

uthandayo.

Ngifisa ukubeka iphuzu elisemqoka nonke eniphumayo namhlanje

okumele nilizwe kahle. Iphuzu engifisa ukulibeka mhlawumbe lingesinye sezitatimende sezombusazwe esibalulekile

enlyophinde nisizwe.

Ngenza isitatimende sokuthi akusiye uMnu de Klerk ekugcineni owabeka yonke into engozini ngesimo asidalayo ngesikhathi ethula inkulumo yakhe yangomhlaka 2 Febhuwari 1990. Akusiye uMnu. de Klerk owafaka yonke into engozini ngokuqeda ukuvala ngezinhlangano zezombusazwe kanye nokukhululwa kweziboshwa zezombusazwe ejele. Akusiye uMnu. de Klerk ofake yonke into

engozini ngokugeda imithetho ebandlululayo.

Abantu abamukela 1ingozi ngempela iNingizimu Afrika efune

ukuba uMnu de Klerk enze lokho akwenzayo manje. Ngabase

o0 =

Ningizimu Afrika abaqonde phambili ukuyosungula intando yeningi futhi abazimisele ukwenza anoma yini engenziwa;

ukubekezela nanoma iyiphi ingozi ehambisana nakho.

INingizimu Afrika ibhekene nengozi yemihlathi yemibhedukazwe engathatha uHulumeni bese isungula umbuso weQembu elilodwa.

Yonke into isengozini eNingizimu Afrika.

Nina maphoyisa eniphumayo namhlanje nizosebenzela leyo

niNingizimu Afrika. Anizosebenzela nanoma imuphi uHulumeni. Anizosebenzela nanoma iyiphi inkolelo. Nizosebenzela leNingizimu Afrika engikhuluma ngayo. Nizosebenzela abantu

baseNingizimu Afrika abafuna ukuhlonipheka abafuna intando

iy L B

yeningi futhi nizoginisekisa ukuthi banalo izinga
elidingekile lomthetho nokuthula ukuze bakwazi ukughubela

izwe lakithi kwingomuso elikhethwe yibo.

Impilo ayizukuba lula inguquko esiyenzayo akuzukuba inguquko
esizoyenza ngaphandle kokuhlukumezeka. Ukuhamba kuzoba
nzima futhi kuzoba nokuningi okuzomele sibhekane nakho
ngaphambi kokuba sikhululeke ngoba ekugcineni sesimbekile

iHulumeni wentando yeningi endaweni yakhe.

Thina kwiI.F.P. sazi kahle kamhlophe ukuthi =zizoba nzima
kanjani izinto. Siyabazi abantu okumele babe ngabafowethu
futhi okumele bazabalazele intando yeningli njengoba senza;
okumele bafune ukuhlonipheka kweNingizimu Afrika njengathi,
kodwa abazama ukuhlakaza nokucekela phansi nokwenza konke

okusemandleni ukuba bazighwagele amandla.

Ungeke kube uzabalazile njengoba iA.N.C. izabalazile ukusungula umbedukazwe kanye nombuso wegembu elilodwa eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu ngaphandle kokuthwala umthwalo kwalabo abadalwe imfundisoze yakho yombedukazwe kanye nogeqgesho lwezenzo zombedukazwe. Kukhona abaholi kuA.N.C. abazoba ngumthwalo omkhulu engudwini wokhetho 1lweA.N.C.

Oyedwa wabantu abanjalo nguMnu. Harry Gwala. Lalelani

uhlobo 1lwezinto azishoyo uMnu. uHarry Gwala ngoApril

nyakenye wathi " INkatha intekenteke" ivikelwa yiqulu

o B

o 208
lezigebengu ezihuga insangu, amaphoyisa aKwaZulu. Abantu bazozivikela, bazobanqoba babaphose olwandle. Uma sinosiphongo senyathi naye njengo Mnu. Chris Hani, olilungu elinekhadi leSouth African Communist Party futhi ebengumlandeli oqgotho kaStalin, akumangalisi ukuthi kuze kube yimanje asikaphumeleli ukuqgeda indluzula eNatali eMaphakathi lapho uMnu. uGwala engumholi wesiFunda, phezu kwemizamo eminingi kangaka sibhekene lapha nomuntu wombhedukazwe ngokuphelele. Sibhekene nomuntu okholelwa ngokujulile ezindleleni zombedukazwe naphezu kweqginiso lokuthi ubukhomanisi sebehluleke ngokuphelele eSoviet Union kanye nakwamanye amazwe aseMpumalanga Europe. Bheka uhlobo lokunukubeza abhaxabula ngalo amaPhoyisa aKwaZulu lapho

enibiza ngezigebengu ezihuga igudu.

JOL

i R

Nina maPhoyisa anamhlanje neziPhathimandla nizobhekane nemiphumela yezitatimende zaloluhlobo. Nizohlangana nazo manihamba ngomsebenzi emadolobheni abomdabu. Nizohlangana emsebenzini wenu wobuphoyisa kuwo wonke amazinga nizohlangana nentsha empisholo yaseNingizimu Afrika eseyomele indluzula ngenxa yalokhukukhuluma. Nizohlangana nesizukulwane sasebekhulile esinhliziyo zZibomvu futhi esithukuthele nesilingwa iloluhlobo lokukhuluma. Nizohlangana nemiphumela yaloluhlobo lokukhuluma emajikeni

emigwaqo emashibini nanoma ikuphi lapho nihamba khona.

Omunye nomunye wenu uyohlala elindele ukubulawa nokuzunywa

ngenxa yohlobo 1lwabaholi abatshokoza ushevu ngasosonke isikhathi uma bekhuluma.

akwehlukile. Nathi sikubona ukugeqgeshwa kungumkhakha obalulekile emsebenzini wephoyisa.

Ukuqgegesha emaphoyiseni aKwaZulu akwehlukile. Isiphathimandla esinguMkhuzi ekolishi, Lt-Col. Dlamini nezinye iziphathimandla eziphezulu baba nemihlangano njalo neziphathimandla =zokugegesha eziphezulu zeminye iMibutho yamaPhoyisa (kufakwa namaPhoyisa aseNingizimu Afrika) ukuze baxoxe bahlanganise izinhlelo zokugegesha kanye nezindlela nezigaba zokugegesha. Lokhu kuginisekisa amaphoyisa akithi athola ukugegeshwa okufanayo neminye imibutho yamaphoyisa.

e R

Isifundo samanje esiyisekelo sokugegesha saqala 2ziyisi-7 Januwari 1991 kuthathwe abafundi besilisa abayi-144 futhi ngoFebruwari 1991 okusho ukuthi ngesikhathi sokufunda kwaba nomfundi oyedwa owaxoshwayo embuthweni ngenxa yokungaziphathi kahle.

Kumele ngibike ukuthi kubafundi abayi 143 abasalayo bathathu kuphela abangaphumelelanga ezifundweni zabo. Ibhodi lokuphenya ukuze kubonakale ukuthi bafanele yini ukusala

embuthweni lisazokwenziwa.

Ngesikhathi sokugeqgesha abafundi babhala izivivinyo

eziyikhombisa zomthetho kanye nezintathu zesibhamu. Iqoqo

lemiphumela ngamagembu linjengokulandelayo:-

Ll 95 0

7. Iqgembu elahamba phambili kunobhutshuzwayo igembu
elingu No. 49.
Ukaputeni wegembu uNo. 2823 Constable N.B. Mncube

Kuyaziwa ukuthi unobhutshuzwayo ngumdlalo othandwayo kubantu abampisholo namaphoyisa aKwaZulu awahlukile. Iklabhu yebhola iCollege United edlala kuLundi Soccer Association njengamanje ilele isithupha ohlwini. uNo. 2769 Constable S.V. Zwane waqokwa njengomdlali ovelele egengani Fathi uzonikezwa inkomishi encane. Ngiyathokoza ukubika ukuthi igembu College Tigers elidala esigabeni sesithathu

seNational Soccer League esifundeni saKwaZulu selizenzele

TP L Â«

Amagembu amabili abayisishagalombili kanye nabafundisi abane bageda ngempumelelo izifundo zabo eziQhutshiwe Z0S1zo

lokuQala kanye nezifundo zemendlela yesiliva ngokulandelana.

Abayisishagalombili babafundisi bahlalela ukuhlolwa kweMendlela yeGolide mhlazingu 20 June 1991 futhi basalindele imiphumela yabo.

Siyabonga futhi kuMnu. Ephraim Mbatha woMnyango wezoMnotho oPhikweni 1loKongiwa kweMvelo ngesifundo esihlaba umxhwele asinikeza abasebenzi kanye nabafundi ngendlela yokongiwa kweMvelo.

Ikakhulukazi ngifisa ukubongela isiPhathi Mandla eSingumkhuzi weleliKolishi, uLefteni-Khenela M.B. Dlamini

kanye nasebenza nabo nengempumelelo ababenayo ekugcineni

Kuyathokozisa ukubona ukuthi phakathi kwabafundi abangu 34 kwakunamalungu amabili amhlophe aphumelela kahle.

Amalungu ayisikhombisa akakwazanga ukufinyelela ezingeni abesebuyiselwa esiTeshini zawo. Lokhu kwenzeka ngaphambi kokuphela kwesifundo. Kubafundi abangu 27 abasalayo umfundi oyedwa wasigeda isifundo kodwa ibhodi lokukhuphula

ezikhundleni lathola ukuthi akafanele ukukhushulwa. Abanga

22 sebakhushulelwa ezikhundleni zobu Lefteni. Laba abangu

22 Dbakhona namhlanje futhi bayingxenye yabaphothulayo

namhlanje.

Abafundi abane abasele bayokhushulwa ngokuhamba kwesikhathi.

Ngiyathokoza ukumemezela ukuthi isiZinda eSiphakeme

sokuQeqgesha esakhiwe eMatigulu sisebenza kahle kakhulu.

Lesisikhungo singaphansi kwesandla sika Khenela Fourie
esizwa nguKaputeni Jonker kanye noKaputeni M.I. Mabaso.

Lezifundo ezilandelayo zenziwa engxenyeni yokugala kal991

1. Constable kuya kuSayitsheni

2. USayitsheni kuya kuQhuzwana

3. Izifundo zabashayelil

4, Izifundo zekhethelo kokulandelayo :-
(a) Izifundo zaseShantshi
(b) 1Izifundo zobushushisi

(c) Izifundo zokuthethwa kwamacala eMnyangweni

i

W TR

Isifundo esiphakeme sokugegesha osigaxa mabhande, okusho

ukusuka keLefteni kuya ku Kaputeni, senziwa khona maduze.

kulindeleke wukuba Kkhona maduze nje kwenziwe izifundo

ezifanayo zoKaputeni kanye nezinye izikhundla eziphakeme.

Nina njengabagegeshwa abasebasha abagede izifundo 2zabo
niphuma ningoConstable futhi ningabanesiginiseko sokuthi uma
ninotho eningalunika uMbutho wamaPhoyisa aKwaZulu ngendlela,

yokusebenza ikhono kanye nokuzinikela niyovuzwa ngohlobo

1wamathuba okugegeshwa okuyoba lukhuni ukuwathola kwenye

indawo. Sibhekela wonke amalungu oMbutho wamaPhoyisa
aKwazZulu. Sifuna ukuwakhuphula. Siyokwenza konke
okusemandleni ukuba lungiselela ukukhushulwa. Siyonigeqgesha

futhi sinisize endleleni yenu njengoba nisebenzela

B A

ngempumelelo. Nginijuba ukuba niphumele eNingizimu Afrika ukuyoba ngabangani babantu futhi sengathi ningaphila impilo yenu yonke nibonga ukugeqgeshwa enikuthole lapha oNdini futhi sengathi impilo yenu yonke ingaba yimpilo yenqubekela phambili nentuthuko ngenxa yokugegeshwa enikutholile. Sengathi ningelinge nikhohlwe ukuthi thina kuloHulumeni sivamise ukugcizelela ukwethembela kwethu kuNkulunkulu ngoba ngaphandle Kwakhe kanye noholo Lwakhe singeke saphumelela

kunoma ikuphi esikwenzayo.
Ngizocaphuna encwadini yoMshumayeli 7: 1-14
Igama elihle lingcono kunamafutha amahle, nosuku lokufa

lungcono kunosuku lokuzalwa.

Kungcono ukuya endlini yokulila kunokuya endlini yedili,

ngokuba 1lokho kungukuphela kwabantu bonke; nophilayo

makakubeke enhliziyweni yakhe.

Usizi lungcono kunokuhleka, ngokuba ngokudabuka kobuso inhliziyo yenzelwa okuhle.

Inhliziyo yabahlakaniphileyo isendlini yokulila, kepha inhliziyo yeziwula isendlini yentokozo.

Kungcono ukuzwa ukukhuza kohlakaniphileyo kunokuba umuntu ezwe ukuhlabelela kweziwula.

Njengokucacamba kwezintathawe eziphansi kwekhanzi, kunjalo ukuhleka kweziwula. Nalokho kuyize.

Impela ukucindezela kuyamhlanyisa ohlakaniphileyo,

nokuthengwa ngomvuzo kuchitha ingqondo.

Kungcono ukuphela kwendaba kunokugala kwayo, onomoya

obekezelayo ungcono kunoziphakamisayo.

